

NALIBALI

Celebrate picture books!

November is International Picture Book Month – a time to celebrate those special books that capture our imagination with their carefully chosen words and beautiful illustrations. Picture books introduce our children to the world of literature. They also play a critical part in their development.

Gubha izincwadi zezithombe!

ULwezi yiNyanga Yezincwadi Zezithombe Yamazwe Ngamazwe – isikhathi sokugubhela lezo zincwadi ezikhethekile ezisihlaba umxhwele ngamagama azo akhethwe ngokucophelela kanye nemidwebo emihle. Izincwadi zezithombe zingenisa izingane zethu ezweni lezincwadi. Zineqhaza elibalulekile ekuthuthukeni kwezingane.

PICTURE BOOKS ARE MEANT TO BE READ ALOUD:

- ★ This makes them the perfect reading resource for sharing stories with children.
- ★ We are also able to have conversations with our children about what we are reading.
- ★ We can invite them to comment on the story and ask questions about it. These conversations deepen children's understanding of the story.
- ★ They also help children to learn about the way in which stories and books work.

IZINCWADI ZEZITHOMBE KUMELE ZIFUNDWE KAKHULU KUZWAKALE:

- ★ Lokhu kuzenza zibe umthombo wokufunda omuhle wokwabelana nezingane ngezindaba.
- ★ Siyakwazi futhi nokuxoxa nezingane zethu ngalokho esikufundayo.
- ★ Siyakwazi ukuzimema ukuthi ziphawule ngendaba nokuthi zibuze imibuzo mayelana nayo. Lokhu kuxoxa kujulisa ukuqonda indaba kwezingane.
- ★ Kubuye kusize izingane ukuthi zifunde ngendlela okusebenza ngayo indaba kanye nezincwadi.



PICTURE BOOKS OFFER CHILDREN A LANGUAGE FEAST!

- ★ Through the rhythm and rhyme in many of these books, children experience the sounds of our languages.
- ★ The repetition in them (for example, "I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down!") allows children to join in by saying some of the words of the story, even before they are able to read.
- ★ The rich use of language in these books develops and extends children's own use of spoken and written language.

IZINCWADI ZEZITHOMBE ZIHLINZEKA IZINGANE NGEDILI LOLIMI!

- ★ Ngesigqi kanye nemvumelwano okutholakala kweziningi zalezi zincwadi, izingane ziyizwa kahle imisindo yezilimi zethu.
- ★ Ukuphindwa kokuthile kuzo (isibonelo, "Ehla amathambo ebheke ezansi, enyuka amathambo ebheke phezulu!"), kukumela izingane ukuthi zihlanganyele ngokusho amanye amagama asendabeni, zingakakwazi nokufunda.
- ★ Ngakho-ke ukunotha kolimi olusetshenziswe kulezi zincwadi kuthuthukisa bese kunweba ukusebenza kwezingane ulimi olukhulunywayo nolubhaliwe.

And then there are the illustrations!


Through the partnership between the words on the page and the pictures, children make sense of what is being read to them and learn to enjoy stories. But they also learn to "read" pictures. They develop the skill of interpreting visual images, and you only have to think about the number of advertisements you see every day to understand what an important life skill that is!

Bese kuba khona imidwebo!

Ngokubona ukusebenza ngokuhlanganyela kwamagama asehasini kanye nezithombe, izingane zithola umqondo walokho ezikufundelwayo bese zifunda ukuthokozela izindaba. Kanti zifunda "nokufunda" izithombe. Zithuthukisa amakhono okuhumusha izithombe ezibonakalayo, kanti nawe kumele kewucabange nje ngezikhangisi ozibona nsuku zonke ukuze uqonde ukuthi leli yikhono lempilo elibaluleke kangakanani!



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Story stars

Picture books that spark imagination!

Georgia Demertzis, the creative director of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative, is passionate about combining fascinating stories and artwork into picture books that are a visual feast.

1. What is your take on the role of stories and books in our lives and in society?

Stories, whether spoken, performed or written, are a very important part of human life. They encourage the imagination, broaden our knowledge, and impact our actions and our thoughts.

2. Does it matter that we have books in all of South Africa's languages?

Yes, it matters deeply. The reader should be able to identify with the narrative.

3. What work did you do on the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative?

My role was to create an "imaginarium" of diverse illustrators with diverse styles and to guide them through the process of creating world-class artwork within a workable schedule. I worked closely with editor Margot Bertelsmann to create a perfect balance between the visual and the written worlds.

4. How important is artwork when producing children's books?

For the younger reader, artwork helps them understand the text. Because the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative is aimed purely at reading for pleasure, the illustrators could create more fantastical, thought-provoking images for the reader.

5. Did someone read to you or tell you stories when you were a child? Who and in which languages?


I am fortunate enough to have grown up in a multilingual home (English, Greek and Afrikaans). My mother read newspaper articles to my sister and me every afternoon. My father read the bedtime stories. His heavy Greek accent resulted in hilariously mispronounced words and likely spurred me on to learn to read sooner than I would have otherwise. We also listened to a lot of Greek folk music – now *that's* storytelling!

6. Every child should read ...

... books where they can identify with the narrative character.

7. The greatest lesson that I learnt from a book or story was that ...

There are so many. I think maybe the lesson is, the more you read, the more you grow.



Georgia Demertzis

Abavelele ezindabeni!

Izincwadi zezithombe ezokhela inhlansi yeso lengqondo!

UGeorgia Demertzis, umqondisi wezobuciko wohlelo lwakwaCadbury Dairy Milk #InOurOwnWords, unentshisekelo mayelana nokuxuba izindaba ezithokozisayo kanye nemidwebo kube yizincwadi zezithombe eziyidili lokubukwa.

1. Ulibona linjani iqhaza lezindaba kanye nezincwadi empilweni yethu kanye nasemphakathini?

Izindaba, noma ngabe ziyaxoxwa, ziyadlalwa noma zibhaliwe, ziyingxenye ebalulekile yempilo yomuntu. Zikhuthaza ukubona ngeso lengqondo, zandisa ulwazi lwethu, futhi zibe nomthelela ezintweni esizenzayo nasemicabangweni yethu.

2. Ingabe kubalulekile yini ukuthi sibe nezincwadi ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika?

Yebo, kubalulekile ngokujulileyo. Umfundi kufanele akwazi ukuzibona naye eyingxenye yengxoxo.

3. Yimuphi umsebenzi obuwenza ohlelweni lwakwaCadbury lweCadbury Dairy Milk #InOurOwnWords?

Iqhaza lami bekungukwakha 'umhlaba weso lengqondo' onabadwebi bezithombe abahlukene abanezitayela ezahlukene bese ngibacathulisa ohlelweni lokwakha imidwebo esezingeni lomhlaba esikhathini sohlelo okungasebenzeka kuso. Ngisebenze ngokusondelana nomhleli uMargot Bertelsmann ukwakha nokulinganisa isimo phakathi komhlaba wokubukwayo kanye nowokubhaliwe.

4. Ibaluleke kangakanani imidwebo yobuciko lapho ukhiqiza izincwadi zezingane?

Kumfundi omncanyana, imidwebo iyamsiza ukuthi awuqondise umbhalo. Uhlelo lwakwaCadbury Dairy Milk #InOurOwnWords luqondiswe ekufundeleni ukuzithokozisa; ngakho, abadwebi bezithombe benzela umfundi imifanekiso engejwayelekile, exukuzisa ingqondo yakhe.

5. Ingabe kukhona owayekufundela noma ekuxoxela izindaba ngesikhathi useyingane? Ngubani lowo futhi wayekwenza ngaziphi izilimi?

Nginenhlanhla kakhulu ngokukhulela ekhaya elinezilimi eziningi (isiNgesi, isiGriki kanye nesibhunu). Angimkhumbuli umama efundela udadewethu nami izindaba, kodwa ngiyamkhumbula esifundela izindatshana zephaphandaba njalo ntambama. Ubaba wayefunda izindaba ngesikhathi sokulala. Iphimbo lakhe elihambisana kakhulu nokukhulunywa kwesiGriki laliba nomphumela ohlekisayo lapho engasawabizi kahle amagama futhi langikhuthaza ukuthi ngizifundele ukufunda ngaphambi kwesikhathi engangizokufunda ngaso. Sasilalela nomculo wendabuko wamaGriki – manje *lokho* sekungukuxoxwa kwendaba njalo!

6. Yonke ingane kufanele ifunde ...

... izincwadi lapho ikwazi ukuzibona khona nayo kumlingiswa wengxoxo.

7. Isifundo esikhulu engisifundile encwadini noma endabeni wukuthi ...

Ziningi kakhulu. Ngicabanga ukuthi mhlawumbe isifundo wukuthi ngesikhathi ufunda kakhulu, ukhula kakhulu futhi.

Did you know?

Our Read-Aloud Story Collection is now available at Ethnikids!



Available in all official South African languages
Itholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika

Bewazi nje?

Iqoqo Lezindaba Ezifundwa Kuzwakale seliyatholaka ku-Ethnikids!

ethnikids
made for me

Order your copy online at www.ethnikids.africa!
Faka esakho isicelo sencwadi ngekhompiyutha ku-www.ethnikids.africa!



Drive your imagination



The Na'ibali bookshelf



Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

The Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords selection

In celebration of International Picture Book Month, here are a few children's picture books by South African writers and illustrators that are available in all South African languages! These beautiful picture books were made possible through a publishing partnership between Na'ibali and Cadbury Dairy Milk.



Ukhetho lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords

Ekubungazeni INyanga Yamazwe Ngamazwe Yezincwadi Zezithombe, nazi ezimbalwa izincwadi zezithombe zezingane ezibhalwe ngababhali nabadwebi bemifanekiso baseNingizimu Afrika ezitholakla ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika! Lezi zincwadi zezithombe ezihle zenziwe ngempumelelo ngokubambisana phakathi kukaNa'ibali Cadbury Dairy Milk.

Phama and the mealie pip

Written by Margot Bertelsmann
Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

This is a classic fairytale that is retold with a cheeky South African flavour – roasted golden mealies with melted butter!



UPhama nohlamvu lommbila



Ibhalwe nguMargot Bertelsmann
Imifanekiso kaChantelle noBurgen Thorne

Lena yingane kwane engasoze yabuna exoxwa kabusha ngesinongo esimnandi saseNingizimu Afrika – ummbila ogazingiwe wabomvana nebhotele elincibikaliswe!

Skindo and the python

Written by Robert Muponde
Illustrated by Neil Badenhorst

A dog called Skindo has an owner whose name is Skop Donol. These strange friends go on a quest to find the perfect wife for Skop.



USkindo nenhlwathi

Ibhalwe nguRobert Muponde
Imifanekiso nguNeil Badenhorst

Inja eyayibizwa ngoSkindo inomnikazi ogama lakhe nguSkop Donol. Laba bangani abangajwayelekile banenhloso enkulu yokutholela uSkop unkosikazi ofanele.

Goggles to the rescue

Written by Liz Sparg
Illustrated by Megan Vermaak

What will it take before people stop polluting our rivers and seas with plastic bags and bottles? Do we need an alien from outer space to save our planet?



Waze wasiza uGoggles


Ibhalwe nguLiz Sparg
Imizobo nguMegan Vermaak

Kudingeka kwenziweni ngaphambi kokuthi abantu bayekele ukungcolisa imifula yakithi nezilwandle ngezikhwama zamaplastiki namabhodlela? Ingabe sidinga umuntu ongajwayelekile ophuma emkhathini ukuthi azohlenga umhlaba wethu?

Karikiriki the witch-tamer

Written by Robert Muponde
Illustrated by Elizabeth Sparg

What would you do if a band of wild witches threw a party in your backyard each night? You would need to find the rat who knows the way to Karikiriki's cave ...



UKarikiriki umthobisi wabathakathi



Ibhalwe nguRobert Muponde
Imizobo nguElizabeth Sparg

Ubungenzani uma bekungaba neviyo labathakathi ebelenza umcimbi njalo ebusuku egcekeni lakini elingemuva? Ubungadinga igundane elazi indlela eya emhumeni kaKarikiriki ...

Pumzi the pangolin

Written by Liz Sparg
Illustrated by Natalie Hinrichsen

South Africa has many wonderful and unique wild animals. A story that is well written and beautifully illustrated is a wonderful way to learn about them ... before they are stolen.



UPumzi, isambane

Ibhalwe nguLiz Sparg
Imifanekiso nguNatalie Hinrichsen

INingizimu Afrika inezilwane zasendle eziningi eziyisimangaliso futhi ezehlukile kwezinye. Indaba ebhalwe kahle futhi enemidwebo emihle yindlela enhle yokufunda ngazo ... ngaphambi kokuthi zintshontshwe.

A lucky escape

Written by Baeletsi Tsatsi
Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

Ole and his classmates visit the caves in uKhahlamba-Drakensberg Park to see the San rock art. There Ole learns a lot about the daily lives of the San, just not in the way he thought he would.



Usinde ngokulambisa

Ibhalwe nguBaeletsi Tsatsi
Imifanekiso nguChantelle noBurgen Thorne

U-Ole nabangani bakhe basekilasini bavakashela imihume esoKhahlamba-Drakensberg Park ukuze babone ubuciko obuqoshwe ematsheni besizwe samaKhoisan. Laphaya, u-Ole ufunda okuningi mayelana nempilo yansuku zonke yamaKhoisan, hhayi ngendlela abecabanga ukuthi kuzokwenzeka ngayo.

Visit <https://cadbury.one/library.html> for 41 stories in all official South African languages!

Vakashela ku-<https://cadbury.one/library.html> mayelana nezindaba ezingama-41 ezingazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika!



Read in your language!

We all have at least one language that we understand and communicate best in, although some of us may have more! People use different labels for this language – like “mother tongue” or “mother language” or “home language” – but it is the language we learnt first. It’s the language we think and feel in, the one in which it is easiest for us to express ourselves and communicate with others.

Here are 4 important reasons why you should try to read good books in your home language to your children.

1. When you read to children regularly in their home language/s, you give them a strong language foundation that makes ALL learning easier.
2. If you don’t understand what you are reading, then you are not really reading – no matter how well you can say the words on the page!
3. Because understanding is at the heart of reading, children need to listen to stories being read in their home language. They can then concentrate completely on the flow of the story instead of struggling to understand a language they don’t know well yet.
4. Good stories are full of creative language that stimulates our imaginations and gets us thinking about how to solve problems. They inspire children to read in their home language and then, later on, to learn to read stories in other languages too.



Funda ngolimi lwakho!

Sonke sinalo okungenani ulimi olulodwa esilugqondayo nesixhumana kangcono ngalo, noma abanye bethu kungenzeka babe nezingaphezulu kwalokho! Ulimi esicabanga nesizwa imizwa ngalo, lolu okulula ukuthi sizwakalise indlela esizwa ngayo ngalo futhi nesikwazi nokuxhumana nabanye ngalo. Ukufundelwa ngolimi lwakho akumele kube yinto eyengeziwe nje okungakhethwa phakathi kwayo nenye ngokuphathelene nezingane. Kuyingxenye ebalulekile nenamandla kakhulu yokufunda nokuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala.

Nazi izizathu ezi-4 ezibalulekile zokuthi kungani kumele uzame ukufundela izingane zakho izincwadi ezifanelekile ngolimi lwebele.

1. Uma uhlala ufundela izingane ngolimi/ngezilimi zazo zasekhaya, uzinikeza isisekelo solimi esiqinile esizokwenza ukuthi kube lula KONKE ukufunda.
2. Uma ungakuqondi lokho okufundayo, empeleni nje awufundi – noma ngabe ungawasho kahle kanjani amagama asekhayini!
3. Ngoba ukuqonda kusemngweni wokufunda, izingane kumele zilalele izindaba ezizifundelwa ngolimi lwazo lwasekhaya. Zingakwazi ukulalela ngokuphelele bese zihambisana nendaba kunokuthi zizame ukuqonda ulimi ezingakalwazi.
4. Izindaba ezinhle zigcwele ulimi oluveza ubuciko, olukhuthazayo ukuze sizakhele izithombe zokusemqondweni, futhi zisenza sicabange ngokuthi singazisombulula kanjani izinkinga. Zikhuthaza izingane ukuthi zifunde ngolimi lwazo lwasekhaya bese, ekuhambeni kwesikhathi, zifunde ukufunda izindaba ngezinye izilimi futhi.

Create **THREE** cut-out-and-keep books

Mnwe

1. Tear off page 7 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.




Country Mouse and City Mouse

1. Take page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Three friends and a taxi

1. To make this book use pages 5, 6, 11 and 12.
2. Fold the sheets in half along the black dotted line.
3. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Yenza izincwadi **EZINTATHU** ozisika uzikhiphe bese uzigcina

UMunwe

1. Dabula ukhiphe ikhasi lesi-7 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukana amakhasi.

UGundane Wasemakhaya noGundane Wasedolobheni


1. Khipha ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukana amakhasi.

Abangane abathathu nethekisi

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 11 nele-12.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukana amakhasi.



Drive your
imagination



Nyi-nyi-nyi! VUMU! Yasuka amaphapha.
Kwakuwuhambo olude, olugcwele izikhinisi.
Umgwago wawukhuphukela ezintabeni ubuye
wehlele ezihosheni.

Ke-nye-nye-nye VROOM! They drove away.
It was a long, bumpy journey. The road went up hills
and down valleys,



We publish what we like

This is an adapted version of *Three friends and a taxi* published by Jacana Media and available in bookstores and online from www.jacana.co.za. This story is available in the eleven official South African languages. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Abangane abathathu nethekisi*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko zakwa-Jacana ngena ku-www.jacana.co.za.

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Three friends and a taxi

Abangane abathathu nethekisi





and last came Dog ... What a
big SQUAASH!
kwathi ekugcineni kwangena
iNja ... Hayi ke kwaba
esikhulu ISIMINYAMINYA!

One hot day three friends were standing beside
the dusty road ...

Ngelinye ilanga abangane abathathu babelinde
eceleni komgwaqo wobhuqu ...



over rivers,
through villages,
wege phezu
kwemifuta,
udlule emizini,

ujikeleze emajikeni,

around corners,




Dog paid too much. That is why, to this day, whenever
Dog sees a taxi coming, he runs into the road, barking
loudly. He is asking for his change.

INja yona yakhokha imali eyeqile. Yingakho nje,
nanamuhla, kuye kuthi uma iNja ibona ithekisi liza,
igijimele emgwaqeni, ikhonkothe kakhulu. Phela icela
ushintshi wayo.





Frog put little Mnwe on a water lily in the middle of a stream. When Mnwe woke up and realised she was trapped, she wept. The fish felt sorry for her. Ixoko lambeka emnduzeni wamanzi maphakathi nomfulana. Lapho uMnwe evuka esbona ukuthi uvalekile, wakhala. Izinhlanzi zazizwelana naye.



Ngelinye ilanga ixoxo lazula laze lafika ekhaya likaMunwe. "Lona angaba yinkosikazi enhle yendodana yami," kuzicabangela ixoxo.

One day a frog wandered into Mnwe's home. "She would make a great wife for my son," thought the frog.

Mnwe is a short retelling of the classic fairytale, *Thumbelina*. It is about the adventures of a thumb-sized little girl who is stolen from her home.

This story is an adapted version of *Mnwe* published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. This story and 40 other stories are available online. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles, go to <https://cadbury.one/library.html>.



UMunwe yindaba emfushane yokuxoxwa kabusha kwengane kwane engasoze yabuna, ethi *Thumbelina*. Imayelana nohambo lwentombazanyana engangesithupha eyantshontshwa kubo.

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi, *Munwe* eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords. Le ndaba kanye nezinye ezingama-40 ziyatholakala kuzizindalwazi. Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords hamba ku: <https://cadbury.one/library.html>

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



UMunwe

Sanelisiwe Maliza
Chantelle Thorne & Burgen Thorne





She had sparkling brown eyes and an afro. The woman named her Mnwe because she was as tall as a thumb. They lived together for many years.


Yayinamhlo ansundu akhazimulayo kanye nesihluthu. Owesifazane wayiqamba ngokuthi uMnwe ngoba yayilingana nesithupha ngobude. Bahlala ndawonye iminyaka eminingi.

Once upon a time, there was an old woman who lived all alone in her hut. She was very lonely.

Finally, she went to see a sangoma. "Please help me have a child," she pleaded.

The sangoma gave her a small, sparkly seed. "Plant this in your yard," she said.

It bloomed. Inside the flower was a tiny girl.



Owesifazane wayehlala yedwa eqhugwaneni lakhe. Wayenesizungu kakhulu.

Wacela usizo esangomeni, "Ngicela ungisize ngibe nengane."

Isangoma samnika uhlamvu. "Lutshale egcekeni lakho."

Isitshalo saqhakaza. Ngaphakathi kwembali kwakukhona intombazanyana.

Zadla! Zadla isiqu sesitshalo. Masinyane nje uMnwe wayesekhululekile.

Wanta wela ngomfula. Izinyoni zazimphelzelela ngamaphimbo azo amandi.

Lapho kufika ubusika, izinkonjane zathi, "Ndiza uhambe kanye nathi."



Munch! They chewed right through the stem of the lily. Soon Mnwe was free.

She floated down the river. The birds kept her company with their sweet sounds.

When winter came, the swallows said, "Hold on tight. Fly away with us."

They came to a new land. Mnwe found the flower she wanted to call home. There was a tiny prince between the petals.

They stared at each other. It was love at first sight!

"You will be named Zinhle now, because you are beautiful," said the flower prince at their wedding.

Baze bafika ezweni elisha. UMunwe wathola imbali ayefuna ukuthi ibe yikhaya lakhe. Kwakukhona inkosana encane phakathi kwamagcebe embali.

Babukana. Bavele bathandana beqala nje ukubonana!

"Usuzobizwa ngoZinhle manje, ngoba umuhle," kusho inkosana yasembalini ngomshado wabo.





5
 "Ngabe lesi silwane, uNdabushhe, senzani-ke sona?"
 "Sidla thina phela," kusho uGundane
 WaseMakhaya. "Baleka bo!"
 "Izinyoni zabelana nathi ngamajikjolo," kusho
 uGundane WaseMakhaya. "Kanti-ke izinyosi
 zabelana nathi ngoju. Ibhungane lobulongwe ligcina
 izinto zihlanzekile."
 "Izinyoni zabelana nathi ngamajikjolo," kusho
 uGundane WaseMakhaya. "Kanti-ke izinyosi
 kanye nobuklwe-klwe-klwe."
 "Wazwa ukukhwasheza kanye nomsindo wezinyosi
 kanye nobuklwe-klwe-klwe."
 "Izinyoni zabelana nathi ngamajikjolo," kusho
 uGundane WaseMakhaya. "Kanti-ke izinyosi
 zabelana nathi ngoju. Ibhungane lobulongwe ligcina
 izinto zihlanzekile."
 "Ngabe lesi silwane, uNdabushhe, senzani-ke sona?"
 "Sidla thina phela," kusho uGundane
 WaseMakhaya. "Baleka bo!"

4
 The first thing City Mouse noticed was the quiet.
 Country Mouse lived at the base of a broad tree, under a
 wide blue sky. "Just listen," she said.
 Into yokugala eyaqashelwa uGundane Wasedolobheni
 ukuthi lapha kwakuthule.
 UGundane WaseMakhaya wayehlala ngaphansi
 kwesiqu sesihlahla esikhulu, ngaphansi
 kwesibhakabhaka esiluhlaza esibanzi. "Ake ulalele nje,"
 kusho yena.

He heard a rustle and a buzz and a scrape
 scrape-scrape.
 "Birds share berries with us," said Country
 Mouse. "And bees share honey. Dung
 Beetle keeps things clean."
 "And what does Caracal do?"
 "He eats us," said Country Mouse. "Run!"

Country Mouse and City Mouse is a short retelling of the classic fairytale with the same name. It is about a country mouse and a city mouse that visit each other's homes. They each discover that home is the place we know and love best.

This story is an adapted version of *Country Mouse and City Mouse* published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. This story and 40 other stories are available online. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles, go to <https://cadbury.one/library.html>



UGundane WaseMakhaya noGundane Wasedolobheni wukuxoxwa kabusha okufushane kwenganekwane engasoze yabuna enesihloko esifanayo. Imayelana negundane lasemakhaya negundane lasedolobheni avakashelanayo emakhaya awo. Athola ukuthi ikhaya yindawo esiyaziyo nesiyithanda kakhulu.

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi, UGundane WaseMakhaya noGundane Wasedolobheni eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords. Le ndaba kanye nezinye ezingama-40 ziyatholakala kuzizindalwazi. Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords hamba ku: <https://cadbury.one/library.html>

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




Country Mouse and City Mouse

UGundane WaseMakhaya noGundane Wasedolobheni

Jacqui L'Ange
 Patrick Latimer






Country Mouse put on her glasses. "Where are all the trees?" she asked.
 Country Mouse coughed. "I want to go home."
 "Nothing ever happens in the country," City Mouse said.
 Country Mouse laughed. "Come see for yourself!"
 UGundane Wasemakhaya wafaka izibuko zakhe.
 "Ngabe zikuphi zonke izilahla?" kubuza yena.
 UGundane Wasemakhaya wathi ukukhwehla.
 "Ngifuna ukuya ekhaya."
 "Akukho lutho olwenzeka emakhaya," kusho uGundane Wasedolobheni.
 UGundane Wasemakhaya wahleka. "Woza uzozibonela ngokwakhoh!"


Country Mouse came to town to get a new pair of glasses. City Mouse met her at the station.
 "Welcome, cousin," he said.
 "Nice to see you," said Country Mouse, although she couldn't see very much at all.
 UGundane Wasemakhaya wehlela edolobheni ukuze athole ipheya elisha lezibuko. Usehlangana noGundane Wasedolobheni esiteshini.
 "Wemukelekile, mzala, bo!" kusho yena.
 "Ngiyathokoza ukukubona," kusho uGundane Wasemakhaya, noma engaboni kahle neze.

Lotho kwase kwanele kuGundane Wasedolobheni. "Kungcono ngibalekele izimoto kunokuthi ngibhekane nekati lasendle elesabekayo!"
 UGundane Wasemakhaya wahlala emzini wakhe wasemakhaya, lapho ayethokozela khona ukuthula komphofumulo nokwendawo. Wayeke ayokwenza okuthile edolobheni.
 UGundane Wasedolobheni wabuyela endlini yakhe yasedolobheni. Uma umsinde usumkhulu nakuye, wayeya eholidini kwamzala wakhe.

That was enough for City Mouse. "I'd rather dodge the traffic than a scary wild cat!"
 Country Mouse stayed in her country home, where she enjoyed the peace and quiet. Once in a while she ran an errand in the city.
 City Mouse went back to his city apartment. When it got too noisy, even for him, he went to stay with his cousin for a holiday.
 It seems we love the places we know best.



and on towards the sea.
uze uyofika olwandle.



Kwase kulandela iMbuzi eyavela
YAZIFUHELA,

Then Goat SQUASHED in,



Goat paid too little. That is why, to this day, whenever
Goat sees a taxi coming, he runs quickly away from the
road. He does not want to be asked for the money.

IMbuzi yona yakhokha imali encane. Yingakho nje,
nanamuhla, kuye kuthi uma iMbuzi ibona ithekisi
liza, ibaleke masinyane iwushiye umgwaqo. Ayifuni
ukubuzwa imali.

Sheep,

IMvu,



Goat,

iMbuzi,



After some time, a taxi stopped for them –
PEEP PEEP. First Sheep climbed in. It
 was a bit of a *SQUEEZE*.
 Kwathi ngesikade, lahka ithekisi – *Pi Pi Pi*.
 Kwagala kwangena iMvu. Yavele
 YAZISHUTHEKA.



and Dog.
 neNja.



They were waiting for a taxi to take them to
 the sea.

Babelinde ithekisi eliya olwandle.



At last the journey was over. The taxi driver asked
 for his fare ...
 Uhambo lwase luhke ekugcineni. Umshayeli wabe
 esecela imali yokugibela ...

Sheep paid the right fare, exactly. That is why, to this
 day, whenever Sheep sees a taxi coming, she is in no
 hurry to move out of the road. Her business with
 the taxi is finished.

IMvu yayikhokha yonke imali eyanele, njengoba injalo.
 Yingakho nje, nanamuhla, kuye kuthi uma iMvu
 ibona ithekisi liza, ingajahi ukusuka emgwaqeni. Phela
 umsebenzi wayo nethekisi waphela ngalelo langa.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Three friends and a taxi* (pages 5, 6, 11 and 12), *Mnwe* (pages 7 and 8), *Country Mouse and City Mouse* (pages 9 and 10) and *The silver moon monster* (page 14).



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi eqondiswe kuwe ukuthi uyizame. Yonke isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Abangane abathathu nethekisi* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *UMunwe* (amakhasi 7 nelesi-8), *UGundane Wasemakhaya noGundane Wasedolobheni* (amakhasi 9 nele-10) kanye nethi *Inunukazi yasenyangeni esasiliva* (ikhasi le-15).

Three friends and a taxi

- ★ Would you have paid exactly the right fare, more than the fare, or less than the fare? Why would you have made this choice?
- ★ What if the taxi driver was asking for a fare that you thought was too high? Would you still have made the same choice? Why or why not?
- ★ Draw a picture of yourself in a taxi with two friends. Label the drawing with the title of the story.



Abangane abathathu nethekisi

- ★ Ingabe ungakhokha imali efanele ngqo, engaphezu kwemali enqunyiwe, noma engaphansi kwemali enqunyiwe? Kungani ungakhetha kanjalo?
- ★ Bekuzokwenzekani uma umshayeli wamathekisi ebecela imali ocabanga ukuthi iphakeme kakhulu? Ubuzokhetha okufanayo? Kungani kungaba njalo noma kungeke kube njalo?
- ★ Dweba isithombe sakho usethekisini nabangani ababili. Faka ilebula emdwebeni nesihloko sendaba.

Mnwe

- ★ Imagine that you were the size of a thumb. People would not always be able to see you! What would you do if you were really small for just one day?

UMunwe

- ★ Ake uzicabange nje ukuba wawungangobukhulu besithupha. Abantu babengeke bakubone njalo! Yini owawungayenza ukuba wawumncane ngempela okosuku olulodwa nje?



Country Mouse and City Mouse

- ★ What makes your home different from other homes that you have seen or visited?
- ★ What is your favourite thing about your home?
- ★ Name one thing that you can do to make you like your home more.

UGundane Wasemakhaya noGundane Wasedolobheni

- ★ Yini okwenza ikhaya lakini lehluke kwamanye amakhaya oke wawabona noma wawavakashela?
- ★ Yini into oyithandayo ngekhaya lakini?
- ★ Yisho into eyodwa ongayenza ukuze ulithande kakhulu ikhaya lakini.



The silver moon monster

- ★ Use toilet rolls, paper, glue, toothpicks and paint or crayons to make a moth. Cut out the shape of the moth's wings, colour them and, when they are dry, glue them to the toilet roll. Paint the toothpicks black and attach them to the moth to create its feelers.



Inunukazi yasenyangeni esasiliva

- ★ Sebenzisa imibhobho yamaphepha asendlini encane, iphepha, iglu, izinti zokuvungula kanye nopende noma amakhrayoni ukwenza inundu, uvmvane lwasebusuku phela. Sika ukhiphe isimo samaphiko ovmvane, uwafake umbala, bese kuthi uma sewomile, uwanamathisele embhweni wephepha lasendlini encane. Faka umbala omnyama ezintini zokuvungula bese uzinamathisele ovmvane ukuze wenze izimponjwana zalo.



Drive your imagination



The silver moon monster



Written by Jenny Robson ■ Illustrated by Samantha van Riet

Flossie, the field mouse, scurried through the grass as fast as her little legs could carry her. "Eish! Eish!" she gasped, "I will never get home in time!"

The sun was already setting. Dark shadows lay all around her. "Eish! Soon it will be night. And then the silver moon monster will be looking for me!"

Flossie was terrified of the moon monster. She often had nightmares about him. But now she couldn't run any further. Her legs were hurting, her chest was aching. She was just too tired. She stopped beside an old tree and crept in amongst its roots. Would she be safe here?

"Good evening!" said a deep voice from somewhere above her.

Flossie looked up and squeaked in fright. Two round eyes were staring down at her. Two gigantic shiny eyes! Flossie's heart beat hard and fast inside her chest. Any creature with such huge eyes must surely be very, very big!

"Who are you?" asked Flossie in a shaky voice. "Are you the moon monster?"

The deep voice laughed a furry laugh. "No, I'm not a monster. I'm just a moth. You can call me Maxwell."

A moth!? Flossie couldn't believe it! What kind of moth had such gigantic eyes? "Are you a giant moth?" she asked

Maxwell laughed his furry laugh again. "Hawu! Those aren't my eyes," he said. "Those shiny circles are just patterns on my wings. Look here!" And Maxwell flapped his wings so that Flossie could see how the shiny round patterns moved: up and down, up and down.

Maxwell scuttled down the side of the tree trunk, closer to the field mouse. It was nice to have someone to talk to. Not many creatures were out and about at night.

"Tell me," he said. "Why were you in such a hurry? I saw you scurrying through the grass as fast as your little legs would go."

"I was trying to get home before dark," said Flossie. "But it's no use now. Night is already here, and my home is still far away." She began to cry little field mouse tears.

Maxwell didn't understand. "But why do you want to be home?" he asked. "Why do you want to be inside now? Hawu! Night is the loveliest time of all. You can watch the moon rise above the hills. You can see the grass turn silver. You can hear the wind whisper through the leaves."

Flossie shook her head. "No, no! Night is a terrible time. Night is when the silver moon monster comes out and goes hunting."



"The silver moon monster? Never heard of him!" Maxwell said.

So Flossie explained: the silver moon monster flew on silver wings that stretched out wider than a tree. He flew out from the light of the moon, his dark shadow sweeping along the ground. He flew in terrible silence; searching, searching for little mice. And then he grabbed them with his sharp talons and carried them away into the darkness – forever!

Maxwell shook his head and let out another deep, furry laugh. "Hawu! That's not a monster! That's just an owl. He's not silver at all; he's just a dull brown colour. Who's scared of a boring old owl?"

"Eish! Don't say that!" squeaked Flossie in alarm. "Maybe the silver moon monster hunts for moths as well!"

"Ha!" said Maxwell confidently. "I'd like to see him try!"

Just then, something moved in the air above them. Flossie looked up to see a huge silver shape flying down from the light of the moon. Two huge silver wings spread wide, casting a dark shadow across the tree roots.

Flossie was too terrified to move. She closed her little eyes tightly as the whooshing sound came closer ... and closer. She knew what was going to happen next. All her most terrible nightmares were about to come true.

Suddenly there was a loud, ugly screech, then a flurry of huge wings. And then silence.

"You can open your eyes now," said Maxwell.

Flossie opened her eyes to see the owl disappearing over the treetops.



"What happened?" she asked in amazement. "Why did the moon monster fly away?"

Maxwell was very pleased with himself. "It's the patterns on my wings. The owl thought they were eyes – just like you did. And just like you, he thought anyone with such gigantic eyes must be a huge creature. He got quite a fright, let me tell you! Did you hear how he screeched?"

"How clever!" said Flossie.

"Yes, I am, aren't I?" agreed Maxwell. "Now you just sleep here close to me. You'll be safe until sunrise."

So Flossie snuggled up amongst the roots of the tree. Soon she was fast asleep. And she didn't dream about the silver moon monster at all. Not once.



Drive your
imagination



Inunukazi yasenyangeni esasiliva

Ibhalwe nguJenny Robson ■ Imidwebo yenziwe nguSamantha van Riet

Ikhona
lezindaba



UFlossie, igundane lasendle, wayegijima otshanini ngokuphuthuma okukhulu ngangamandla ezinyawana zakhe ezazingambeletha ngawo. "Eyi! Eyi!" edonsa umoya, "Angeke ngifike ekhaya ngesikhathi!"

Ilanga lase livele lizilahla kunina. Amathunzi amnyama ayesemsithile ngapha nangapha. "Eyi! Kungekudala kuzobe sekuhlwile. Emva kwalokho inunukazi yasenyangeni esasiliva izoza izongcinga!"

UFlossie wayeyesaba inunukazi yasenyangeni. Wayevamise ukuphupha amaphupho amabi ngayo. Kodwa manje wayengasakwazi ukubaleka kakhulu kunalokho. Imilenze yakhe yayibuhlungu, isifuba sakhe sasibuhlungu. Wayesekhathele kakhulu. Wayesema eduze kwesihlahla esidala esecusha phakathi kwezimpande zaso. Ingabe uzophepha lapha?

"Sawubona!" kwasho izwi elindondayo ndawana thize ngaphezu kwakhe.

UFlossie wabhaka phezulu wayesenswininiza ngokwethuka. Amehlo amabili ayizindilinga ayegqolozele kuye phansi. Amehlo amabili amakhulu akhanyayo! Inhliziyo kaFlossie yayishaya ngamandla nangokushesha esifubeni sakhe. Isilwane esinamehlo amakhulu ngale ndlela kumele sibe sikhulu kakhulu ngempela!

"Ungubani wena?" kwabuza uFlossie ngezwi eliqhaq hazelayo. "Ngabe uyinunukazi yasenyangeni?"

Izwi elindondayo lahleka ngokuvezelela. "Cha, angiyona inunukazi. Ngiyinundu nje mina. Ungangibiza ngoMaxwell."

Inundu? UFlossie akazange akukholwe lokho! Hlobo luni lwenundu lolu olunamehlo amakhulu kangaka? "Ngabe uyinundu enkulu?" kubuza yena.

UMaxwell waphinda wahleka uhlelo lwakhe oluvezelelayo. "Hawu! Lawo akuwona amehlo ami," kusho yona. "Lezo zindilinga ezikhanyayo ngamaphethini nje asezipikweni zami. Bhaka lapha!" UMaxwell wayesebhakuzisa izimpiko zakhe ukuze uFlossie ezobona ukuthi amaphethini akhanyayo ayindilinga ayenyakaza kanjani: phezulu naphansi, phezulu naphansi.

UMaxwell wayesehla ngokushesha ohlangothini lwesiqu sesihlahla, esondela eduze kwegundane lasendle. Kwakumnandi ukuba nomuntu ayezoxoxa naye. Zazingeziningi izilwanyana ezaziphumile zihambahamba ebusuku.

"Awungitshela," kwasho yena. "Kungani ubujane kangaka? Ngikubonile ugijima phakathi kotshani ngokushesha okusemandleni akho onke ngemilenzana yakho."

"Bengizama ukufika ekhaya ngaphambi kokuthi kuhlwe," kwasho uFlossie. "Kodwa-ke akusasizi ngalutho manje. Ubusuku sebuvele bulapha, kanti ikhaya lami lisekude." Waqala ukukhala izinyembeza zegundane lasendle.

UMaxwell akazange akuqondise lokhu. "Kodwa-ke kungani ufuna ukuba sekhaya?" kubuza yena. "Kungani ufuna ukuba sendlini manje? Hawu! Ubusuku yisona isikhathi esimnandi ukwedlula zonke. Ungakwazi ukubona inyanga ikhuphuka phezu kwamagquma. Ungakwazi ukubona utshani buphenduka buba sasiliva. Ungakwazi ukuzwa umoya uhlebeza phakathi kwamaqabunga."

UFlossie wanikina ikhanda. "Cha, cha! Ubusuku yisikhathi esibi. Ubusuku yisikhathi lapho inunukazi yasenyangeni esasiliva ephuma khona ihamba iyozingela."

"Inunukazi yasenyangeni esasiliva? Angibonaze ngezwa ngayo!" kwasho uMaxwell.

Ngakho-ke uFlossie wayesechaza: inunukazi yasenyangeni esasiliva yayindiza ngezimpiko ezisasiliva ezazinwebeka zibe nobubanzi obedlula isihlahla. Yayindiza isuka ekukhanyeni kwenyanga, isithunzi sayo esimnyama sedlule emhlabathini. Yayindiza ngokuthula okwesabekayo; ide icinga, icinga amagundane amancane. Emva kwalokho iwabambe ngqi ngamazipho ayo acijile iwathwale iye ebunmyameni – ingunaphakade!

UMaxwell wanikina ikhanda emva kwalokho wayesekhipha olunye uhleko olujulile, oluvezelelayo. "Hawu! Akuyona inunukazi! Yisikhova nje. Asinawo nhlobo umbala osasiliva; sinombala onsundu ngokuphuphile nje. Ngubani owesaba isikhova esidala esinsundu esidinayo?"

"Hhayi bo! Ungakusho lokho!" kunswininiza uFlossie ngokwethuka. "Mhlawumbe inunukazi yasenyangeni esasiliva izingela nezinundu njalo!"



"Ha!" kwasho uMaxwell ngokuzethemba. "Ngifisa ukusibona sikuzama lokho!"

Khona manjalo, kwaba khona okunyakaza emoyeni ngaphezu kwabo. UFlossie wabuka phezulu wabona isimo esikhulu esisasiliva sindiza sisuka phezulu ekukhanyeni kwenyanga. Izimpiko ezinkulu ezisasiliva zabe sezivuleka, zenza isithunzi esimnyama ezimpandeni zezihlahla zonkana.

UFlossie wayethuke kakhulu ukuthi anganyakaza. Wawavala ngci amehlo akhe amancane ngesikhathi umsindo wobuwishivishi usondela . . . usondela. Wayesazi ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka. Wonke amaphupho akhe amabi kakhulu ayesezophenduka iqiniso.

Ngokushesha kwezwakala ukukwebha okukhulu, nokubi, emva kwalokho kwaba ukubhakuza kwezimpiko ezinkulu. Ngemuva kwalokho kwathuleka du.

"Usungawavula amehlo akho manje," kwasho uMaxwell.

UFlossie wavula amehlo akhe wabona isikhova sinyamalala phezu kweziqongo zezihlahla.

"Kwenzakalani?" kubuza yena ngokumangala. "Kungani inunukazi yasenyangeni indize yabaleka?"

UMaxwell wayezijabulele kakhulu. "Ngamaphethini asezipikweni zami. Isikhova besicabanga ukuthi ngamehlo – njengoba nawe ubucabanga. Futhi njengawe, besicabanga ukuthi noma ngubani onamehlo amakhulu kangako kumele abe yisilwane esikhulu ngempela. Sivele sesaba naso, ngikutshela mina! Usizwile ukuthi siklewule kanjani?"

"Kwaze kwawukuhlakanipha lokho!" kwasho uFlossie.

"Yebo, ngihlakaniphile, akunjalo?" kwavuma uMaxwell. "Manje mane ulale lapha eduze kwami. Uzophepha kuze kuphume ilanga."

Ngakho uFlossie wazishutheka phakathi kwezimpande zezihlahla. Ngokushesha wayesezumekile wubuthongo. Futhi akabange esaphupha nhlobo ngenunukazi yasenyangeni esasiliva. Ngisho nakanye.



Drive your
imagination

Nal'ibali fun




Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1.

The pictures below are from the story, *Three friends and a taxi*. Read the story again, and put the pictures in the correct order. Write the number of the picture in the circle at the top.

Izithombe ezingezansi ziphuma endabeni ethi, *Abangane abathathu nethekisi*. Funda indaba futhi, bese ubeka izithombe ngokulandelana okufanele. Bhala inombolo yesithombe endilingeni ephezulu.



2.

Find the things in the list below in the picture.

Thola izinto ezisohlwini olungezansi esithombeni.

A bag of marbles

A spade

A biscuit

A helicopter

A jar of red paint

A dog

A small plate

A gecko

Two paint brushes

A picture of a tomato

Isikhwama sezimabuli

Ifosholo

Ibhisikidi

Ihelikhoptha

Isitsha sikapende obomvu

Inja

Ipuleti elincane

Ibanda (igekho)

Amabhulashi okupenda amabili

Isithombe sikatamatisi



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

EYETHU

Bonus

LENTSWE

RIDGE TIMES



Drive your imagination

